# Hillcrest High School

IsiZulu 1st Additional Language

Ukuhlolwa kukaNovemba 2018

Ibanga lesishiyagalolunye (Grade 9)

Iphepha lokuqala (PAPER I)

(MOTHER TONGUE)

Isikhathi: 2 amahora

Umklomelo: 100


**<u>IVIKE MFUNDI !!!</u>**

**Leli phepha linamakhasi ayi-11.**

1. Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho ephalele.

## Ucishe Waphunyukwa Yiqatha Ehlulwa YisiZulu

Umlingisi weMbewu uXolani Mfeka uthi bekungelula ukukhuluma isiZulu ngesikhathi eqala ukuqopha kulo mdlalo njengoba kusuka




emncane afunda esikoleni esixube izinhlanga Umlingisi womdlalo Imbewu, uXolani Mfeka, uthi ukube wayazi ngabe akavumanga unina amyise esikoleni sabantu abaxube izinhlanga.

Le nsizwa ezalelwe eMkhomazi, yakhulela eManzimtoti, ithe uthando lokulingisa lwaqala isafunda esikoleni samabanga aphansi futhi **yayingumculi ohamba phambili**.

Uthi ukungakwazi ukuphimisa kahle amagama esiZulu kucishe kwalimaza ikusasa lakhe kulo mdlalo, okhonjiswa ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu ngehora le-9.30 ebusuku ku eTV.

UXolani ulingisa indawo kaNganono, uthi ukuba kulo mdlalo okhula usuku nosuku kwakuyiphupho lakhe.Ekhuluma neSolezwe uthe ngesikhathi uqala umdlalo wakuthola kunzima ukukhuluma kahle isiZulu.

UXolani wathi ngeke aqambe amanga imfundo uMama noGogo ababengifunela yona yaba yinhle kakhulu futhi ngiyababonga ngalokho. Kodwa kuze kwaba wuJuni siqale ngoFebhuwari ukuqopha la ngize ngakwazi khona ukukhuluma kahle.

Uthe kwesinye isikhathi ubeze acele omunye asebenza naye amsize ngamagama anzima ukuwasho.

Ukulingisa akakufundelanga. Ekhaya bamtshela ukuthi ngeke alibale ukulingisa akafundele into ezomfakela imali. Wase enza izifundo zobunjiniyela okwathi eziqeda waya eGoli. Uthando lokulingisa lwabuya waqala ukuthola izindawo ezincane emidlalweni ehlukene okukhona kuyo iGenerations, Zabalaza neGauteng Maboneng.

Uthe kule ndawo ayilingisayo manje abantu bazobona okuningi njengoba kungenzeka ukuthi nguNganono okhulelise uZethu

(Nonsindiso Gcaba).

IMbewu wumdlalo omuhle kakhulu futhi kuye kuyisibusiso ukusebenza nabantu abafana noLeleti Khumalo, uThembi Mtshali, uTony Kgoroge nabanye.

EZOKUNGCEBELEKA / 14 OCTOBER 2018, 11:03AM / NOKUBONGWA PHENYANE

1.1 Ubani igama nesibongo sowesilisa okukhulunywa ngaye lapha? (2)

1.2 Khetha impendulo efanele kozinikiwe.

ULeleti Khumalo waduma kumuphi umdlalo weshashalazi phakathi kwale:

A. iSarafina

B. uWoza Albert

C. Isibaya

D. iAnimal Farm (1)

1.3 Idlala ngasikhathi sini Imbewu kumabonakude? (1)

1.4 UXolani wakhulela kuliphi idolobha? (1)

1.5 Tomula umusho oveza ukuthi uXolani ukhona umsebenzi ayewufundele? (2)

1.6 Yimiphi eminye imidlalo EMIBILI aseke wadlala kuyo uXolani? (2)

1.7 Kwamthatha izinyanga ezingaki uXolani ukuze azethembe ngolimi lwakhe? (2)

1.8 Ngokucabanga kwakho kufanele yini ukuba umfundi omnyama ofunda esikoleni esixube izinhlanga alufunde ulimi lwakhe esikoleni ngokwale ndaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI? (3)

1.9 Sikhona yini isidingo sokuxosha umuntu emsebenzini uma ehluleka ukukhuluma ulimi aluqashelwe emsebenzini Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

5. Bhala isabizwana soqobo lapho kubhalwe khona ibizo.

Isibonelo: (i) Abasebenzi bathatha imali yabo.

(ii) Abasebenzi bathatha yona yabo.

5.1 Abalimi batshala amasimu abo ehlobo.

5.2 USimtuse udeka itafula ebusuku.

5.3 Izingane zipholisha izicathulo zazo ntambama.

5.4 Kufanele baphuze amanzi njalo abadlali.

[4]

6. Bhala isivumelwano esifanele kule misho elandelayo.

Isibonelo: (i) Uphondo ...hlaba indoda kabuhlungu.

(i) Uphondo luhlaba indoda kabuhlungu.

6.1 Abazali ...siza izingane zabo ngomsebenzi.

6.2 USimtuse ...funda nabangani bakhe.

6.3 Izikhwama ...phathwa abafundi besikole.

6.4 Udonga...phedwa ubaba omdala.

6.5 Ubuhlalu...thengwa umama esitolo. [5]

7. Nciphisa amagama abhalwe ngokunzima kule misho elandelayo. Bhala umusho wonke udwebele isincciphiso.

Isibonelo Umama ufunda **ibhuku**

Umama ufunda **ibhukwana**

7.1 Izingane zidlala **ngesango** lakubo.

7.2 UMnqobi usekhathele emva kokusebenza **isikhathi**

7.3 Kukhona **iphupho** elingihluphayo kulezi zinsuku.

7.4 Letha **isigubhu** sakho nawe ngikuthelele. [8]

8. Buka isithombe esingenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo ngokubhala isiphawulo esifanele. Khetha kulezi ziqu (-dala, -ncane, -hle, -ne, -ningi)

Isibonelo: (i) Isihlahla (-de) sinomthunzi omuhle.

(ii) Isihlahla <u>eside</u> sinomthunzi omuhle.



8.1 Ubani odayisa izinduku ______?

8.2 Umfana ugqoke izimbadada ______.

8.3 Umama uthenga isigubhu ____. [6]

9. Guqula le misho elandelayo ibe senkathini oyibuziwe.

9.1 Uthisha uxoxa inganekwane esabisayo. (Inkathi eyadlula )

9.2 Abafundi bamenywa inhlangano yezingane. (Inkathi ezofika)

9.3 Umama uthande iphunga elimnandi lamawolintshi. (Inkathi yamanje) (3)

10. Qondanisa izimo zokukhuluma nezincazelo ozinikiwe. Bhala inombolo nophawu kuphela.

| A | B |
|---|---|
| 10.1 Ukudla ujeqeza | a) Ukuphazamisa umuntu esakhuluma ngokukhuluma |
| 10.2 Ukungena emlonyeni | b) Ukuhlalela ovalweni |
| 10.3 Ukudla imbuya ngothi. | c) Ukukhuluma kakhulu/safuthi. |
| 10.4 Ukudla ingevu | d) Ukusiza |
| 10.5 Ukufaka isandla | e) Ukuhlupheka |

[5]

11. Sebenzisa lawa magama alandelayo akhombise ukuthi anezincazelo ezimbili ezingafani.

Isibonelo: inyanga

Umalume usizwe **inyanga** yakwaNgcobo ngesikhathi egula

Ngizobhala izivivinyo **ngenyanga** kaJuni.

11.1 Ithanga

11.2 Isonto [4]

12. Bhala igama elilodwa elisho ibinzana lamagama abhalwe ngokunzima.Bhala igama kuphela

12.1 **Umama kamama wami** ungithengele isipho esihle.

12.2 Ungikhonzile **unkosikazi kamalume** ungenzela yonke into.

12.3 Ziyahlupha **izingane zomfana wami omdala**.

12.4 USipho ukhala **ngezingane zikadadewabo** ukuthi umsebenzi esikole muningi. [4]

**ISAMBA: 80**